

INDLELA KAN KULUNKULU

EPHIWEYO YALOLUSUKU



...okwesikhatshana nje lapho sikhothamisa amakhanda ethu.

Baba wethu oseZulwini, siyakubonga Wena ngoJesu Khristu, izithembiso Zakhe ezinkulu Asinike zona. SiyaKubonga ngazo zonke lezi izinto. Singaphansi kokukhangelela okukhulu lapha kulelidolobho phakathi kwalawa maKhristu amahle. Sikhangelele ukuMbona ehamba phakathi kwethu etshengisela ubukhona Bakhe, enika abantu ukholo, ebaphefumulela ukuthi bakholwe. Yiyo injongo yethu yokuba lapha, Baba. Siyazi singaKuthemba. Kasiyikudana. Ngoba sikucela eBizweni Lakhe. Amen.

Lingahlala phansi.

Ngijabulile kakhulu lokhu kusa ukuba lalokhu kudla kwekuseni laleli qembu elihle labatshumayeli lapha edolobheni. Futhi-ke thina...Ngicabanga a—abazalwane bayibeka ethephini nxa omunye engayifuna. Isikhathi esingako sobudlelwano esaba laso. Futhi manje, lobubusuku yibusuku bethu besibili, siqhubeka khona endleleni. Ngakho manje, siyathemba ukuthi iNkosi izalibusisa lonke ngokwedlulisileyo ngobunengi.

Ngiyakholwa ngikhangele umngane wami olungileyo, uNkz. Upshaw, ohlezi lapha, uDade Upshaw. INkosi ikubusise. Ngiyakhumbula uMfowethu Willie Upshaw. Ngaba lenwadi eyavela kuye ngolunye usuku lomfanekiso kaMfowethu Willie, uCongressman. Ngakho, wa—waye egogekile okweminyaka engamatshumi ayisithupha lesithupha.

Ngangisemhlanganweni obunye ubusuku, ngabona umbono wakhe, ehlezi, ehamba embuthwanweni, elesudu yakhe, ekhothamele phansi. Wayesesihlalweni esilamavili lezigodo zokuhambisa, njengoba lonke lalimazi, futhi iNkosi uJesu yamenza waphila lobo busuku obufanayo. Futhi waba lokholo waze wafa.

Sizwa sihlonitshiwe, lobubusuku, umfelokazi wakhe ukuba ehlezi lapha. Wayemdala okunganani lapho esiyabona iNkosi? Wayemdala okunganani? [UDade Upshaw uyaphendula—Mhl.] Waphila ukuba leminyaka engamatshumi ayisificaminwembili lesithupha ubudala. [UDade Upshaw ufakaza ngokwedlula kwakhe.] Waya eZulwini ukuyakuba lo...Silokubonga ngamadoda amakhulu, amaqhawe amakhulu okholo.

Manje, lobubusuku, kuyi, kasifuni ukuligcina isikhathi eside. Siligcine sedlulisa ngemizuzu elitshumi izolo ntambama, imizuzu engamatshumi amabili kwaze kwaba ngeletshumi. Sivame ukuba sesiphumile ngelesificamunwemunye lengxenyane. Ngizazama ukulungisisa okwalobobusuku. Bengi... Ngintshintshile emibikweni yami yesiprofetho ebengiyitshumayela endaweni ezehlukeneyo zelizwe, kusiya enkonzweni zobuvangeli njalo. Futhi kuleyo mibiko yesiprofetho, sizaqhubeka nje kusiya lokuya. Futhi manje ukukumisa, kungathi kunzima, futhi kuyantshintsha i—inkonzo ndawonye.

Futhi isizatho ngisenza lokhu: ngoba ngolunye usuku, ngisehla phansi ngivela eCanada, phezulu nje lapha eMontana, kusasele ekuseni, iNkosi uJesu... Ngiyazi kuzwakala kungazwisiseki, kodwa ngangihamba ngemota, futhi enye into yangikhanga. Ngezwa iLizwi, ngokusobala njengoba lisizwa elami, lisithi, "Ibizo lakho libhaliwe kuleyontaba." Futhi ngakhangela, futhi lapho sisima, uBilly lami, iNkosi uJesu yathi, "Buyela manje, futhi uqale ekuvangeleni njengalokho okwenzileyo."

Yikho ngilapha lobubusuku, ngoba ngibuyela njalo ngikhulekela abagulayo. Kulendaba ende kikhohle, futhi ngileqiniso lina bantu bamathephu lapha, elizwa amathephu ethu, liyayazi indaba. Ngilapha ukukhulekela abagulayo njalo. Kulezipho ezinengi ezinkulu kuNkulunkulu. UNkulunkulu engasebenzisa loba yisiphi sazo Asifisayo nxa nje singaMvumela ukwenza njalo. UyiNkosi uNkulunkulu.

Futhi manje, ngizama ukunga... ukubalekela ukubeka izandla phezu kwabantu nxa ngingakubalekela, ngoba, lapho, kukhangeleka sengathi (lokho kulungile), kodwa kukhangeleka sengathi omunye, uzakusiliswa, bathi, "Awu, uSibani-bani wangibeka izandla." Bona? Ngi—ngithanda ukukubona ubeka izandla phezu Kwakhe, kuKhristu.

Injongo yami yikuthi, siyazi sonke ngeMibhalo, ukuthi ukusiliswa kwaPhezulu kuvele sekulondolozelwe lonke ikholwa. Kuyingxenyane—kuyingxenyane kaJesu ehlupheka: "Walinyazelwa iziphambeko zethu, ngamanxeba Akhe sasiliswa. Njengo Mose waphakamisa inyoka yethusi enkangala, ngokunjalo iNdodana yomuntu imele iphakanyiselwe phezulu." Imbangela efanayo.

Futhi lowo kwakungumfanekiso, uKhristu wayelugqobokile lomfanekiso. Futhi-ke nxa—nxa inhlawulo endala ingaletha ukusiliswa, kanganani okutsha, lokho okulezinto ezingcono, kulethe ukusiliswa kwaPhezulu.

Manje, uJesu waphakanyiselwa phezulu okwembangela efanayo leyo inyoka yethusi eyaye iyiyu (Wenziwa isono): ngoba, inyoka yenziwa ngethusi, futhi *ithusi* ngu "mfanekiso wokwahlulelwa kwaphezulu"; futhi *inyoka*, itshengisa

“isiqalekiso senyoka” kusukela esivandeni seEdeni, lapho isono lomkhuhlane kwangena khona.

Futhi uJesu angeke . . . Kakula muntu ongatshumayela uJesu Khristu njengenhlawulo engatshumayeli usiliso lwaPhezulu. Akula ongatshumayela iVangeli engatshumayelanga usiliso lwaPhezulu. Ngoba, bona, kawu . . . waye ngabe . . . awudingi ukuba lezinto ezithile. Njengokuthi nxa inyamazana ikubambile, awudingi nje ukuquma unyawo lwayo, kumbe uqume i—ingalo yakhe uyikhuphe loba yini alakho ngakuwe. Mbulale nje kusukela ekhanda futhi usukutholile.

Futhi yiyo indlela uJesu ayenza ngayo lapho E—lapho Efela isono: Wabulala into yonke isono esake sayenza, Wasihlenga ngokupheleleyo. Manje sesi thatha i—imbhadalo komkhulu wethu . . . imali yesiqiniseko sokukhululwa kwethu okupheleleyo ekubuyeni Kwakhe njalo.

Ngakho, uyabona, umkhuhlane ngokuqondileyo u—ubangwa yisono. Omunye umuntu wona. Kwakungela mkhuhlane kwaze kwaba lesono. Futhi-ke lapho isono singena, umkhuhlane wasilandela. Umkhuhlane yisifanekiso sesono. Futhi-ke, lapho Ebulala isono, kwathatha zonke izifanekiso lakho. Bona, kwakufanele kube njalo.

Manje, sizakubala lobubusuku isigaba soMbhalo.

Ngiyathokoza sibili ukuba ngibe, emuva kwami lapha lobubusuku, ixuku lami elihle labazalwane ababe kulowo mhlangotho lokhu kusa, futhi ngithola, bona uMfowethu Shakarian emuva lapho, futhi, labanengi babangane bami, abanengi babo. Ngiyathaba sibili ukuba lani bazalwane lapha lobubusuku. Lingikhulekele manje, nxa lithanda.

Manje, kasivuleni eMbhalweni, okwesifundo esincinyane nje, iNkosi ithanda.

² Futhi khumbulani, kusasa ebusuku, ngikhulekela abagulayo njalo. Futhi manje lapho ngikhuluma . . . Lalelani, wonke umuntu zama ukwenza lokhu, ungalindeli ulutho oluthile ukwenzakala. Into yokuthi uyenze, yikukholwa uNkulunkulu khona manje. UMkholwe khona manje! Bona?

³ Manje kubelenhlobo zonke zenkonzo. UNkulunkulu, kulezi insuku zokucina, ngiyakholwa, usiphile yonke into Alayo eBhukwini Lakhe. Yonke into Ayithembisileyo, siyibonile, futhi lokhe kukhangeleka engazathi abantu abakwanisi ukukubamba. Labo abamiselwe ukukubamba, bazakubamba; labo kuphela. Kuphumputhekisa omunye; kuvule amehlo omunye.

⁴ Khumbulani, sikhulwa ukuthi uJesu Khristu ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Akafanga, kodwa uyaphila kuze kube nini lanini. Futhi Ulapa lobubusuku. SiseBukhoneni Bakhe, kulobubusuku, futhi Ulapa ukuqinisa lokugcwalisa

loba yisiphi isithembiso Asenzela usuku lolu. Futhi Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Ngakho, into yonke Ayeyiyo, Uyiyo, lobubusuku. Ngakho kasiMkholweni manje, lapho sibala iLizwi Lakhe lokukhuluma Ngaye, okwemizuzu elandelayo elitshumi lanhlanu, amatshumi amabili.

⁵ Genesisi, isahluko 22, lendima 7 lo 8, okwendlela yokuthola ngayo isifundo.

Futhi uIsaka wakhuluma kuAbrahama uyise, futhi wathi, baba Wami: futhi wathi, Khangela ngilapha, ndodana yami. Futhi wathi, Khangela umlilo lenkuni: kodwa lingaphi iwundlu lomnikelo wokutshiswa?

Futhi uAbrahama wathi, ndodana Yami, uNkulunkulu uzazibonela iwundlu lomnikelo wokutshiswa: ngakho bahamba-ke bobabili ndawonye.

⁶ Nkosi Jesu, busisa iLizwi Lakho, malingabayeli liyize, kodwa makuthi imbewu ziwele emhlabathini ozaletsa usindiso kulabo abadingayo, konke enyameni lasemoyeni. Siyazinikela Kuwe; ibandla, Umbuthano, iLizwi, isifundo, indikimba. Makuthi uMoya oNgewele uthathe ubuntu bethu, ukuthi sibone uJesu Khristu. Amen.

⁷ Ngifuna ukukhuluma nje okwemizuzu emilutshwana manje ngokuthi: *Indlela KaNkulunkulu Ephiwewayo YaloluSuku.*

⁸ UNkulunkulu izikhathi zonke uhlezi elendlela. Kulendlela ezimbili, lezo, zindlela zethu kumbe indlela Zakhe. UNkulunkulu ulendlela yalamuhla, ngoba Uhlezi esenza indlela entweni yonke. UNkulunkulu, ekuqaleni, wazi isiphetho, ngakho Ubeke uMbhalo Wakhe wesikhathi ngasinye. Futhi leso sikhathi, lapho sisiza ngalapho. . . Manje lingehluleki ukubona lokhu. Leso sikhathi, lapho sisiza ngalapho, ngokuvamileyo inkonzo ixubene ezinkolweni, lokunjalo, lamasiko, kuze kube yisigidi samamayila kude leLizwi.

⁹ Futhi-ke uNkulunkulu uhlezi ethumela umuntu enkundleni, umprofethi. Futhi lumprofethi. . . uNkulunkulu kaguquli uhlelo Lwakhe. Yena kaguquli indlela Zakhe. Uhlezi ekwenza ngendlela efanayo. Uhlezi ekwenza; Kumele akwenze kulesi sikhathi. Futhi, ngalokhu, uNkulunkulu uyasebenza lokuqinisa lelo Lizwi. Njengokuba ngikhulume kini ubusuku bayizolo, uNkulunkulu esenza incazelo Yakhe uQobo. UNkulunkulu kadingi muntu ukuchasisa iLizwi Kuye. UyaLichasisa Ngokwakhe, ngokuLiqinisa, ukuLenza libe qotho. Futhi lapho uNkulunkulu esithi Uzakwenza into ethile, khona-ke Uyayenza, kakusela omunye umbuzo kikhoh. Yiyo indlela Ayenza ngayo.

¹⁰ Ngakho uNkulunkulu usesenzele indlela. UNkulunkulu uyathanda abantwana Bakhe. Uyathanda abantu Bakhe. Ufuna ukubasiza. Ufuna ukulisiza ukwedlula lina lifuna usizo. Nxa ungabeka lokho nje enhliziyweni yakho, ukuthi uNkulunkulu

uyathanda sibili ukukusiza ukwedlula wena uzisiza. Kodwa Ulendlela, futhi yiyo indlela kuphela Azakusebenza ngayo kungendlela Yakhe. Kumele ubuye ngokutsho Kwakhe, hatshi ukutsho kwakho. Ukutsho Kwakhe! Wena ukufuna ngendlela ethile, kodwa U—Ukupha khona ngendlela Yakhe.

¹¹ Njengo Namani ecwila e—e—emanzini eJordani. Ngani, wathi amanzi phezulu elizweni lakhe ahlanzekile futhi angcono, kodwa lokho kwakungayisikho lokho umprofethi akutshoyo. “Cwila lapha.” Wacwila kanye, ubulephero babulokhu bukhona; kasithupha, babulokhe bukhona. Kwakumele alalele futhi abuye ngendlela kaNkulunkulu. Futhi lapho Eselalele ngokugcweleyo indlela kaNkulunkulu, ubulephero basuka.

¹² Futhi ngithi, lobubusuku, ukuthi nxa singalalela indlela enikwe nguNkulunkulu, ubulephero buzasuka, umkhuhlane uzasuka, yonke into izasuka, kodwa kumele sibuye ngendlela Yakhe yalolusuku. Manje, ukucwila kuJordani akuyi kukusiza ngalutho manje; lokho kwakungokukaNamani. Umthetho wawungo wama—wamaJuda. Umusa ungoKhristu.

¹³ Kodwa isikhathi ngasinye silengxenywe yaso yeVangeli esesivele sabikezelwa. IBhayibhili leli yisambulo esipheleleyo sikaJesu Khristu. Akungeke kube lokwengezwe Kulo, kumbe enye into ikhutshwa Kulo; umuntu okwenzayo uqalekisiwe. Asingeke singezelele lutho Kulo, sikhuphe lutho Kulo. Kumele sikhangele phakathi Lapha futhi sibone lokho okuthenjiswa okwalesi sikhathi, futhi sikubone kusenzakala. Lowo nguNkulunkulu echasisa iLizwi Lakhe uQobo. Lapho Lisithi, “Intombi izakhulelwa,” yakhulelwa. Leyo yincazelo kaNkulunkulu Yakho. Lokho Akuthembisayo, lokho Uyakwenza.

¹⁴ Manje siyabona ukuthi uNkulunkulu kaguquli inhlelo Zakhe zokwenza izinto. Uhlezi ekwenza ngokufanayo. Sihlezi siguquka ngenxa yokuthi silomkhawulo. Senza inhlobo zonke zamaphutha, futhi singazithuthukisa futhi sibengcono. Kodwa uNkulunkulu kalamkhawulo. Isinqumo sakhe sokuqala siphelele isikhathi sonke. Angeke ahlakani phe okwedluleyo. Waye yi... Wayengumthombo wenhlakanipho yonke. Uyinhlanipho yonke. Ungamandla wonke, ulamandla wonke, undawo zonke, ukwazi konke, futhi kalamkhawulo. Ngakho ngakho-ke, lapho Ekhuluma ulutho, bambelelisa umphefumulo wakho Kukho, ngoba kuliqiniso.

¹⁵ Manje amanye amabandla athi, “Futhi asikholwa *Lokhu*, futhi sikholwa *lokho*.” UNkulunkulu kasoze ahlulela u—umhlaba ngebandla. Uwahlulela ngoJesu Khristu, futhi uJesu uyilizwi. Uzahlulela ibandla ngeLizwi.

¹⁶ Futhi nxa *Lesi kuyisambulo* sikaJesu Khristu kuzo zonke izikhathi, lakulesi isikhathi, Wembulile kuleliBhayibhili lokho Azakwenza kulesi isikhathi; futhi lapho sikuBona Kukwenza,

lapho siMbona esenza lokho Athembisa ukukwenza. Hatshi ukuzalwa yintombi; lokho kwakuyiminyaka eyizinkulungwane ezimbili ezedluleyo. Kodwa lokho Athembisa ukukwenza lamuhla, lokho Akutshoyo ukuthi Uzakwenza lamuhla, yikho lokho Ayikho lamuhla.

¹⁷ Izikhathi ezinengi, abantu bathi, “Awu, angikukholwa *Lokho*.” Awu, ulomchasisi kaEva njalo; kuthatha nje ingxenye Yakho, kodwa hatshi konke Kwakho.

¹⁸ Ngakho sifuna ukukhumbula ukuthi uNkulunkulu uhlezi engofanayo. ILizwi Lakhe, lalokho Akutshoyo, Uzakwenza.

¹⁹ Kutshengisa ukuthi Akaguquki. KuGenesisi 1, Wathi, “Makuthi imbewu yonke iveze okohlobo lwayo. Makuthi imbewu yonke iveze okohlobo lwayo.” Futhi khona lapho, sathintha enye into khona lapho ewisela phansi bonke abakholwa ukuthi into iguquka ivela kokunye. Awungeke uzalanise kakutsha izinto. Uyathatha njengebhiza futhi—futhi i...futhi u—ubabhemi, ukuzalanise ndawonye, uyathola imbongolo, kodwa imbongolo ayingeke izizale njalo futhi ithole enye imbongolo. Ima khona lapho. “Yonke imbewu okohlobo lwayo.” Bengenza ukuzalanisa, kodwa kuyaziguqula khona njalo futhi, kutshengisa ukuthi akungeke kuzale uhlobo lwakuqala njenga lokho. Hatshi, mnumzana. Kuma khona lapho. Ungahlanganisa isipinatshi lenye into, ndawonye, futhi ulethe i-kale, kodwa, awungeke ukuzalanise lokho njalo futhi. Hatshi, mnumzana. Ungahlanganisa umumbu oxutshaniweyo; kodwa ungahlanyela lowo mumbu oxutshaniweyo njalo futhi, awutholi lutho. Kufanele ukuthi ukuzalanise kakutsha isikhathi ngasinye. Ngoba, uNkulunkulu wathi, “Imbewu yonke mayiveze okohlobo lwayo.”

²⁰ Futhi manje, ngokuxubanisa izinto, khangela lokho umhlaba ongene kukho lamuhla. Ngangibala indatshana lapha, ku*Reader's Digest*, lapho, “Iminyaka engamatshumi amabili kusukela manje, abafazi abayi kuba labantwana, nxa kungaqhubeka. Badla ukudla okuxutshaniweyo.” Into yakho yikuthi, bakuxubanisile, futhi leyo akusiyo ndlela umuntu enziwa ngayo, ukudla ukudla okunjalo. Kwenziwa ukuhlangana lakho e...kumbe ukukudla ngendlela okwadalwa ngayo. Yiso isizatho, lamuhla, leso abangeke bagcine inyama layo yonke into kuyindlela okuyiyo, kungenxa yokuthi kuxutshaniwe, isilimo esikhuliselwa endlini evalwe ngengilazi, futhi, o, lonke uhlobo lwendlela. Kuhlanganisiwe konke nje. Sokufike lapho usendo lonke lwabantu luchithwa ngempumela zabo uqobo, ngokuzama ukuthatha into uNkulunkulu ayenzayo kuhle, futhi bayintshintshe futhi bayenze ngenye indlela, ngendlela yabo. Kutshiye ngendlela uNkulunkulu akwenza ngayo!

²¹ Sekufike lasendaweni lapho abazama khona ukuxubanisa amabandla, lamuhla; kusuka kubhaphathizo lweqiniso

lukaMoya oNgcwele, kusiya ekuxhawulaneni izandla; olunye uhlobo lokufafaza, kusiya kubhaphathizo lwamanzi. O, minabo! Into yonke ixutshanisiwe. Sifuna ukubuyela.

²² Isilimo esixutshanisiweyo, kufanele usitotoze futhi usifafaze ngomuthi, futhi ususe izibungu lezibungwana kiso. Kodwa hatshi isilimo esiqotho esiphilileyo; siqinile, silamandla, akula zibungu ezibuya kuso. Ulokweneleyo kuye ukususa izibungu.

²³ Futhi kanjalo umKhristu oqotho! Awudingi ukumtotoza futhi umbambathe, futhi umtshele *lokhu*, *lokho*, kumbe *okunye*. Ulenye into phakathi kwakhe, ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, okulahla okunye konke kusuke. Awudingi ukuthi umncenge, ngoba uyisilimo esiqotho sikaNkulunkulu. Ulenye into phakathi kwakhe elwayo. UmKhristu ulwela yonke i-intshi yendawo ama phezu kwayo. Kumele akwenze lokho, nxa ekhangelela ukuthi aphile. Futhi, ngokukwenza, kuLenye into kuye emnakekelayo.

²⁴ UEva wazama ukuxubanisa iLizwi, ekuqaleni. UNkulunkulu wamtshela, “Ngosuku usidla, lolosuku uyafa.” Wazama ukuLihlanganisa ngolwazi uSathane amupha lona. Futhi lapho ekwenza, walahlekelwa lusendo lonke lwabantu, khona lapho, kudeveli, lapho ezama ukuhlanganisa iLizwi likaNkulunkulu elingaxutshaniswanga lolwazi.

²⁵ Akuveli elwazini lweLizwi, kubuya ngamandla kaMoya oNgcwele! “Hatshi ngamandla, ngobukhulu, kodwa ngoMoya Wami,” itsho iNkosi. Yiyo indlela uNkulunkulu enza ngayo. ILizwi likaNkulunkulu liyiMbewu yeMpilo elaPhakade.

²⁶ Nxa uzama ukuLixubanisa, kuyini ozakwenza na? Uyazibulala kanye Lalo. Akuyi kusebenza. Aliyi kuhlangana njalo ukwedlula amafutha kumbe amanzi kungahlangana. Akuyi kukwenza.

²⁷ Abakaze, kuyo yonke indlela, bazame ukuthola into engcono kulendlela kaNkulunkulu yokukwenza. Liyazi, abakaze bathole indlela, engcono, yokuthi inkukhu izalwe kulumhlaba, kulokuthi izicacade ekhasini layo. Belikwazi lokho na? Abakaze bathole indlela engcono. Umfo omncinyane uzalwa elekhala elincinyane ekucineni kowakhe—ekucineni komlomo wakhe. Futhi lowo mlomo omncinyane alawo, ukuthi usebenze futhi aqwaye, ukuqwaya emuva laphambili, aze enze ikhanda lakhe liqalise, akhuphele ikhanda lakhe phandle, athole indlela yakhe yokuzikhulula. Yindlela kaNkulunkulu ephiweyo. Ungamdonsela phandle kwekhasi, kuzambulala. Akayi kuphila nxa ungamdonsela phandle kwekhasi. Kufanele abuye ngendlela kaNkulunkulu.

²⁸ Yikho okuluhlupho ngamaKhristu lamuhla. Sibathambise ngesepa, futhi saxhawula izandla zabo futhi sabangenisa ngensitha, futhi sabajoyinisa ibandla. Lokho abakufunayo

yi-altare yesidala yomkhuleko lapho abakhuleka baze bafinyelele, baze bathi ngokuzisebenzisa, babuye ngendlela kaNkulunkulu ephiweyo, baze bazikhulule kuwo umhlaba. Uhlupho lwakho, lamuhla, bafaka ibizo labo ebhukwini futhi bejoyine ibandla, njalo yikho kuphela okukhona kikho. Kodwa indlela kaNkulunkulu, indlela enikeziweyo, yikuhlala lapho futhi usebenze indlela yakho uyephutsha, uNkulunkulu aze akunike ukuZalwa okutsha. Kunjalo sibili. Umkhuphele phandle, kuzambulala.

²⁹ Yilo uhlupho, lamuhla, ngabantu. UkuZalwa okutsha, bonke bayakubalekela. Kabakuthandi. O, bafaka okuthile ekuZalweni okutsha, “yenyuka futhi ukholwe, futhi yikho kuphela okumele ukwenze.” Udeveli uyakholwa, ngokwakhe, futhi uyazi ukuthi akazalwanga kutsha. KulokuZalwa okutsha. Kulenye into ehamba lakho, kungathi akungenelani, akunambitheki kuwo umhlaba.

³⁰ Loba yikuphi ukuzalwa kuyenyanyeka. Kangilandaba ukuthi kungaphi. Nxa kusesibayeni sengulube, kumbe—kumbe esibhedlela. Ukuzalwa kuyenyanyeka.

³¹ Kanjalo ukuZalwa okutsha! Kuzakwenza wenze izinto obungacabangi ukuthi ungazenza. Kuzakwenza wehle phansi ku-altare futhi ukhale, uklabalale, ugeze ipenda ebusweni bakho, uphakamise izandla zakho, udumise uNkulunkulu, ukhulume ngendimi, lazo zonke inhlobo zezinto. UkuZalwa okutsha kuzakwenza lokho ngoba yindlela kaNkulunkulu ephiweyo yokuzalwa kutsha.

³² Kumele ufe. Kumele ufe ngaphambi kokuzalwa kutsha. Loba yiphi imbewu kumele ife ngaphambi kokugququlwa kutsha njalo. Ngaphandle ife, ihlala yodwa. Umuntu kumele afe ekucabangeni kwakhe. Kumele afe ekucabangeni kwaloba yini kodwa iLizwi likaNkulunkulu, futhi abuye ngendlela Yakhe. Leyo yindawo kaNkulunkulu. Kasihlangani Laye emicabangweni yethu; sihlanguana Laye kulokho Athi sikwenze. Yiyo indlela enikwe nguNkulunkulu ngakho. Abantu bayayibalekela; kabayifuni. Kodwa kuliqiniso, ngokufanayo nje. Kuza, kuletha ukufa, futhi kumele ufe, ufe ekucabangeni kwakho.

³³ “Awu, ngiyalazi iBhayibhili liyakutsho, kodwa kangikuzwisisi.” Khona-ke hlala lapho uNkulunkulu aze akwambulele. Kunjalo. Kufanele . . . Lokho yikuZalwa okutsha.

³⁴ Amadada lamadada amakhulu, awakaze athole indlela yawo engecono yokuya eNingizimu, kulokuba ngumtshitshi kuqala. Futhi kunjalo. Uzakuwabona wonke esiza ndawonye futhi ayabuya ngokwawo, olunye uhlobo lomuzwa wemvelo luyawandonsela ndawonye, futhi ayabuthana ndawonye futhi abengumtshitshi ngaphambi kokuphapha, engakayi eNingizimu. Kuyini na? Yisikhathi semvuselelo, lapho wonke ebuthana ndawonye. Wake wakuzwa ukukekela okunjalo

empilweni yakho, njengokuzwa lawo madada amakhulu ebuthana ndawonye, kumbe lawo amadada? Angikaze ngizwe okunjalo! Futhi ale... Akula eyinye, indlela engcono ukuthi akwenze.

³⁵ Izikhathi ezinengi, phezulu emaguswini asenyakatho, ngiyakhangela ukuqala komkhathi oqandayo, eCanada. Ixuku lamadada azalelwe khona lapho kulelo chibi, awakaze asuke kulelo chibi, lumfo omncinyane akazake. Futhi into yokuqala uyazi, umoya otshazayo uyehla phansi uvela eNyakatho. Leli elincinyane, elincinyane idada eliliqude elidala, lizelwe lingumkhokheli nje, liya khona lapho phakathi kwalelo chibi, liphakamisele emoyeni umlomo walo omncinyane, likhale kane kumbe kahlanu, futhi lonke idada echibini liyabuya kuye. Futhi liyaphakama lapho, futhi lihambe liqonde eLouisiana ngokukwanisa kwalo, emasimini erayisi.

³⁶ Ngani na? Abakaze bamtholele indlela engcono yokuthi afike lapho. Awungeke uwabuthanise ndawonye. Ungawafaka ekuphekeni futhi... isilugu, futhi uwahambise ngetraka phansi lapho. Lelo dada lilomuzwa ongcono kulalokho. Futhi uyambeka kuleso silugu, ukumhambisa phansi lapho, liyakwazi ukuthi selisiya endlini yokubulawa. Lokhu yikho kanye. Uhamba ngendlela kaNkulunkulu ephiweyo.

³⁷ Yiyo indlela umuntu okufanele enze ngayo lamuhla, hatshi ukubuthaniselwa phakathi kwesinye isilugu senhlanganiso yesonto. Kodwa buya ngendlela uNkulunkulu athi buya ngayo, ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele lokuZalwa okutsha, umtshitshi wemvuselelo. Hatshi ukujoyina ibandla, ucela umnyango ngomnyango, futhi usedlulisa omagazini. kodwa ukuZalwa, ukuzalwa kutsha, egwaliswe nguMoya oNgcwele, indlela kaNkulunkulu, ezikhulula emhlabeni. Kunjalo! Ukhohwa iLizwi likaNkulunkulu! Ihola lilapha. Yikho okumele sikukholwe.

³⁸ Ndoda, awungeke... Angilandaba bangaki abantu abangazama ukuya kulelochibi lamadada phezulu lapho futhi bathi, “Manje mana okomzuzu, lina madada amancinyane, ngilento yokukhuluma kini. Siledada elifundileyo lapha. UlePh.D. leLL.D. Ngiyalitshela, angalikhokhela.”

³⁹ Lawomadada alomuzwa ongcono kulalokho. Yebo, mnumzana. Awalandaba lemfundo yakhe engcono, loba kuyini. Ayezwa ukukhala okuthile akunikayo. Kungumuzwa wemvelo. O, minabo! Ibandla kumele libekwazi kakhulu lokho ngeLizwi likaNkulunkulu!

⁴⁰ Ngumsindo othile ongazwakaliyo. IBhayibhili lathi, uPhawuli wathi, “Nxaphondo lukhala lungazwakali, ngubani ongazilungiselela impi na?” Kunjalo, nxa ibandla—nxa ibandla linika umsindo ongazwakaliyo woku “joyina.”

⁴¹ UNkulunkulu wathi, “UkuZalwa!” Lokho ukuZalwa okwakwenzayo lapho, ukuZalwa kwenza okufanayo lamuhla, ngoba uJesu Khristu ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Lokho Ayeyikho lapho, Uyikho lamuhla. Lokho abakwenzayo lesosikhathi, yinto efanayo esiyenzayo lamuhla. Indlela abaKuthola ngayo lapho, kuyinto efanayo abayenzayo lamuhla. Into efanayo abalayo lamuhla, yilokho ababelakho ngemuva lapho. Nxa Kungabuya, kubuya ngaleyo ndlela. Yiyo indlela, indlela kaNkulunkulu ephiweyo. Ayiguquki.

⁴² Amadada kawaguquki. Aba ngumtshitshi ngokugcweleyo, umnyaka ngamunye, esiya enyakatho, eningizimu, loba ngaphi ayakhona. Abangumtshitshi kuqala.

⁴³ Yiyo indlela uNkulunkulu enza ngayo. Uthumela iLizwi Lakhe ngesikhathi, leso sikhathi, khona-ke Siyabonakaliswa. Futhi kangilandaba ukuthi zingaki ezinye izinto ezenzakalayo; lapho bebona iLizwi likaNkulunkulu elithenjiselwe lolosuku, liqiniswa lokuthenjiswa, akula lutho oluzakubamisa. “Intombi izakhulelwa.” Futhi lapho besithi . . .

⁴⁴ “INKosi uNkulunkulu wethu izavusa umProfethi onjengami,” uMose watsho.

⁴⁵ Futhi lapho bebona liNdoda isiza futhi isenza izinto Azenzayo, bazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Lapho uFiliphi ebona lokho kuzenziwa, wathi, “Wena unguKhristu. Wena uyiNkosi kaIsrayeli.” Wakwazi ngoba iLizwi lalikhuthembisile, futhi laphila kulolosuku. Akulandaba lokuthi bangaki abaFarisi, amaSadusi, ayemile ngalapho, oDokotela bezobuNkulunkulu, akuzange kummise lakancinyane, ngoba wayekhangelele leso sibonakaliso. Lapho esibona sisenziwa, kwakuyisibonakaliso sehola. Yikho lokho ababekukhangelele, indlela kaNkulunkulu ephiweyo. Yebo, mnumzana.

⁴⁶ Manje wawungeke unike idada, imfundo. Wayengeke akwenze. Lalingeke liyifune. Amanye wonke amadada ayengeke amlandele, kungenani lokuthi mangaki amadigri angawatsho ukuthi ulawo. “Manje, khangela lapha, ngihambe esikolweni samadada. Ngiyazi ngakho konke. Sengaqeqetsha. Ngiyazazi zonke lezi izinto.” Akusoze kusize lutho. Akula amanye amadada angamlandela, nxa engamadada aqotho, ameni, ngoba adinga isibonakaliso esithile. Lapho ebona leso sibonakaliso, ayasikholwa.

⁴⁷ Futhi nxa idada lilindlela yokusazi, pho-ke umKhristu ozelwe kutsha na? Kumele sibemazi uJesu Khristu emandleni okuvuka Kwakhe. Kuqondile. UNkulunkulu uyakwenza ngendlela kaNkulunkulu ephiweyo.

⁴⁸ Khumbula, imfundo yayingeke ibe lithuluzi lokubakhokhelela endaweni kaNkulunkulu ephiweyo. Ithuluzi abalalo ngumuzwa wemvelo. Futhi wona, wona amadada,

ayakwazi ukuthi lowo muzwa wemvelo uzawahambisa endaweni kaNkulunkulu ephiweyo.

⁴⁹ Lakanjalo uyenza uMoya oNgcwele use iBandla endaweni kaNkulunkulu ephiweyo. Hatshi ukujoyina ibandla, kodwa ukugcwaliswa yiBukhona Bakhe, ukubona iLizwi Lakhe libonakaliswa, liqiniswa. Yiyo indlela kaNkulunkulu ephiweyo eyebandla, izikhathi zonke, ebantwini, ukubaletsa endaweni lapho uNkulunkulu abanikeze yona. Yikho kanye lokho ibandla okumele libe yikho lamuhla. Manje, siyakwazi ukuthi kuliqiniso.

⁵⁰ Akula ndlela engcono oko... Abakaze bathole indlela engcono yengane ukuthola lokho ekufunayo ngaphandle kokukukhalela. Nxa umnika isikhencezo, futhi uthi, "Junior, ulezinsuku ezintathu ubudala, kodwa manje lapho ufuna, lapho ufuna igula lakho, phakamisa isikhencezo lesi futhi usikhalise," ubone nxa kungasebenza. Akusebenzi. Ingane ikhalela lokho ekufunayo. Yiyo indlela kaNkulunkulu ephiweyo. Lapho ukhala kakhulu... Ungamtshayi umfo omncinyane, ulandela kuphela indlela kaNkulunkulu ephiweyo. Ufuna ulutho. Kunjalo. Yindlela kuphela ayaziyo ukubiza umama wakhe; ukukuhlabela umkhosi, ukukukhalela. Kunjalo.

⁵¹ UNkulunkulu uyakukhuthaza lokhu ebantwaneni Bakhe. UNkulunkulu uyakukhuthaza lokhu kubantwana Bakhe abakholwayo. Wakwenza. Hatshi inkulumo zenhlakanipho, hatshi isayensi enkulu yezenkolo, isayensi yenkolo yokufundisa. Ufuna ukuthi ukhalele izidingo zakho. Futhi kuqondile lokho, kukhalele! Ulukhuni uwomile kakhulu, awusoze ukuthole. Nxa usulungele ukuzigoba kancinyane futhi ukhale, uNkulunkulu uzakupha. Uyathanda ukuzwa abantwana Bakhe bekhala. Khalela indingo zakho kuNkulunkulu! UNkulunkulu uyakufuna. Yiyo indlela Yakhe ephiweyo. Kukhalele! Yiyo indlela ingane ekhala ngayo; yiyo indlela Afuna ukuthi ukhale ngayo.

"Ukhala kuze kubenini na?"

⁵² Ingane ikhala kuze kube nini na? Ize isuthiseke. Futhi yiyo indlela umKhristu okholwayo okufanele ayenze, umntaka Nkulunkulu. Nxa ubona ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, ungedeli, khala kuze kuphendulwe. Khala uze ubone uNkulunkulu eqinisa iLizwi Lakhe. Lapho uNkulunkulu eqinisa iLizwi Lakhe, futhi alifakazele ukuthi lilapha, khonake akudingakali ukuthi ube usakhala futhi; usulakho, hamba futhi uMbonge ngakho. Uze wenze lokho, hlaba umkhosi uze ukuthole. Ngiyakuthanda lokho, ukuphikelela, ukubambelela.

⁵³ Hatshi isilimo esixutshanisiweyo, hatshi lowo okufanele atozwe lokumbambathwa, lokuphakanyiswa indawo ngendawo. AmaKhristu angaweqiniso, aqotho, azelweyo, izitsha

zikaNkulunkulu. Balwelwa izikhundla zabo, futhi balwe baze baqede kulumhlaba. Ukuhamba kwakho konke yikulwa.

⁵⁴ UNkulunkulu watshele uMose Wamnika ilizwe. Watshele uJoshuwa, “Yonke indawo unyawo, kumbe amathe onyawo lwakho, anyathela khona, leyo ngikuphile.” Kwakufanele balwele i-intshi yakho konke. Kanjalo siyalwela i-intshi yakho konke. Akusiyonto yokutotozwa lokumbambathwa, lokubhodabhoda kanjalo, futhi uthi, “Awu, ngizakuhambisa ngale, ngibone ukuthi ucabangani ngakho. Yedlulisa umbono wakho.” Akusiyoni ndlela yokubuya.

⁵⁵ Buya ngokuzimisela. Buya okokuthi uzakuhlala lapho kuze kuphele. Hlala lapho kuze kuthi uNkulunkulu aphenhule futhi aqinise. Umuntu okholwa kuNkulunkulu, engabona uBukhona bukaNkulunkulu, azwe uBukhona bukaNkulunkulu, azwe uBukhona bukaNkulunkulu, futhi abekwazi ukuthi Ulapha. Ulapha ukuphendula yonke into Ayenzele isithembiso salolusuku. Khona-ke, khala uze ukuthole! Bambelela Kuye. Ungasuki, nxa kufanele uhlale imini lobusuku. UNkulunkulu kafuni abantwana Bakhe ukuthi balalele izinkulumo zenhlakanipho. Ufuna ukuthi baKukhalele, isithembiso size siqiniswe.

⁵⁶ UAbrahama lapha wayelesidingo somhlatshele. Kuyini okwenzakalayo na? UNkulunkulu wamnika iwundlu. Leyo kwakuyindlela kaNkulunkulu ephiweyo. Wayefuna umhlatshele, ngakho uNkulunkulu wawupha. Ngokuya kwesikhathi, wabiza indawo *Jehova-Jire*, “iNkosi izaZipha umhlatshele.”

⁵⁷ Manje, uJobe, ngesinye isikhathi, umprofethi omdala, uJobe. Wayengumprofethi. Wayengene enhluphekweni. USathane wayefise ukumlinga, futhi wamenza waba lamathumba. Futhi wathatha abantwana bakhe, wathatha izifuyo zakhe, wathatha konke ayelakho, futhi wamenza waba lamathumba.

⁵⁸ Futhi abaduduzi bakhe bafika, kuyini abakwenzayo? Abaphanga lutho kodwa ukumeyisa, bamenza inhlekisa, bentshela, “Ngani, wenze isono, ensitha.”

⁵⁹ Futhi uJobe wabambelela nje khona ngalapho. Wakhala kakhulu. Wayeleqiniso ukuthi wayelandela imilayo kaNkulunkulu. Wayeyenze khona kanye lokho uNkulunkulu ayethembise ukukwenza. Lokho uNkulunkulu amthembisa khona, ukuthi Wayezakuma laye, ngaphansi komhlatshele wokutshiswa, futhi wahlala khonapho.

⁶⁰ Ngakho, uNkulunkulu wamupha umbono. Waye ngumprofethi. Kuyini akubonayo? Wabona iLizwi, uJesu Khristu. Wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila. Futhi ensukwini zokucina, Uzakuma emhlabeni. Loba impethu zichitha lumzimba, kukanti enyameni yami ngizambona

uNkulunkulu.” Bona, Wapha umbono wokuvuka kwakhe. Yena engumprofethi, wabona iLizwi. Wabona iLizwi futhi wabakwazi ukuthi amathambo akhe lomzimba wakhe uzavuka njalo osukwini lokucina. Wabuzwa uba wayekwazi lapho uNkulunkulu ayekhona, nxa wayengabona kuphela.

⁶¹ Wathi, “Iluba liyafa, liyavuka njalo; isihlahla siyawela phansi, siyavuka njalo; kodwa umuntu uyalala phansi futhi akhuphe umoya, uyatshabalala, ungaphi na? O ukuthi Ungangifihla engcwabeni, futhi ungigcine endaweni efihlakeleyo luze lwedule ulaka Lwakho.”

⁶² Khona-ke imidumo yaqala ukuduma, umbane waqala ukubaneka, uMoya weNkosi wabuya phezu komprofethi. Futhi wema, futhi wabona ukuBuya kweNkosi, futhi waklabalala, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, ensukwini zokucina Uzakuma emhlabeni. Loba impethu zesikhumba zichitha lumzimba, enyameni yami ngizambona uNkulunkulu.” UNkulunkulu wapha iLizwi, uJesu Khristu, futhi Wambona futhi Wambiza Umhlengi Wakhe.

⁶³ USrayeli wayefuna indlela yokuphuma eGibhithe, futhi uNkulunkulu wabapha umprofethi, umprofethi owaqinisa iLizwi elathenjiswa kuAbrahama. Khona kanye, Indlela kaNkulunkulu ephiweyo! Babengelakuqetsha isotsha, babengelakwenza *lokhu*, babengelakwenza *lokho*. Into kuphela abayenzayo kwakuyikulindela indlela kaNkulunkulu ephiweyo. Futhi Wakhuluma, wathi, “Wayezakukhupha labo bantu, emuva kweminyaka engamakhulu amane. Abantu bakhe babezakuba sebugqilini, kodwa Wayezakubakhupha ngesandla esilamandla. Uzatshengisa izibonakaliso Zakhe lezimangaliso, futhi athole inkazimulo kulelo lizwe.”

⁶⁴ Nansi isiza indoda phansi, lapho bekhala bekhala! Futhi manje khumbula, konke ukukhala kwakungeke kubakhulule, kwaze kwathi leso sikhathi sesigcwalisekile.

⁶⁵ Lezi izinto esizibonayo lamuhla, zazingeke zenzakale iminyaka engamatshumi amabili edluleyo, kumbe iminyaka engamatshumi amane edluleyo. Kulamuhla kusenzakala. Leli lihora! Lesi yisikhathi! Manje yisikhathi kugcwaliseka. Ngani na? UNkulunkulu wakuthembisa, futhi nanku kulapha.

⁶⁶ Bathi, iminyaka elikhulu edluleyo, ukuthi, “Ubhaphathizo lukaMoya oNgwele lwalungeke lube khona njalo.” Bathi, iminyaka engamatshumi amahlanu edluleyo, “UMoya oNgwele...” Kodwa lina bantu bePhentekhosti labafakazela bona, ukuthi kwakulihola likaNkulunkulu ukuthulula uMoya oNgwele. Kungenani lokuthi iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLutheran yathini, lihlale khona leLizwi likaNkulunkulu. Amadoda esibindi aphuma phandle lapho futhi abambeleva kwaze kwathi ubhaphathizo lukaMoya oNgwele lwabuya, futhi bakhuluma ngendimi futhi bamdumisa

uNkulunkulu. Akula muntu ongakutshela okwahlukileyo. UNkulunkulu ungumchasisi Wakhe uQobo; likutholile. Lingabe lingenelisi ukukuchasisa, kodwa liyakwazi lilakho. Ngubani ongachasisa uNkulunkulu? Akula muntu ongakwenza.

⁶⁷ Angeke ngilitshele ukuthi uNkulunkulu angatshengisa njani umbono, kodwa ngiyakwazi ukuthi kuyenzakala. Angeke ngibone ukuthi uNkulunkulu wenza njani lezi izinto. Kayisiwo msebenzi wami ukukuchasisa. Nguye, uhlala yedwa. UnguElohim, Lowo oweneleyo ngokwakhe. Ngiyinceku Yakhe nje. Ngiyakwazi ukuthi Wakuthembisa, futhi ngiyakwazi ukuthi kulapha. Yinto eyodwa engiyaziyo. Ngiyakwazi lokho, ukuthi Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Ngiyakwazi ukuthi Wathembisa lokhu, futhi uNkulunkulu ulapha ukwenza isithembiso Sakhe iqiniso. Yebo. Indlela kaNkulunkulu ephiweyo!

⁶⁸ UIsrayeli waphiwa umprofethi, owaqinisa iLizwi, futhi bakhutshwa. Lumprofethi, uMose, waphila okweminyaka ethile enkangala, iminyaka engamatshumi amane, elwisana lalaba bantu, ezama ukubagcina aze abafikise elizweni lesithembiso. Kwabuya endaweni, indoda kwakufanele ife; wayeleminyaka elikhulu lamatshumi amabili ubudala. Kwakungela ndawo yakhe yokufela. Lapho eselungiselele ukufa, uNkulunkulu wamupha iDwala; iDwala ayelitshaye enkangala, iDwala elalibalandela, ababenathe kilo. UNkulunkulu wamupha iDwala, indawo yokufela, lapho uMose ayengafa khona ukufa okuhloniphekayo.

⁶⁹ Phezu kwaleli Dwala, Nkulunkulu, ngivumele ngifele kulelo Dwala elifanayo! Yikho lapho engifuna khona. Lelo Dwala lalinguKhristu uJesu. Yebo, mnumzana.

⁷⁰ Emva kokuba esefile, phezu kwalelo Dwala, wayefuna abathwali besidumbu. UNkulunkulu wamthumela ixuku leNgilosi. Kungani kungabanga lixuku labadala bakhe? Ngoba kakulamuntu owayengamhambisa lapho ayesiyakhona, kodwa iNgilosi. Zamthwala eBukhloni bukaNkulunkulu, wayefuna abathwali besidumbu uNkulunkulu wakupha. Wahamba ngendlela uNkulunkulu ayeyiphile. Haleluya!

⁷¹ UEnoki wayehambe iminyaka engamakhulu amahlanu loNkulunkulu, futhi waMthokozisa. Wayefuna umgwaqo omkhulu ukuya eKhaya. UNkulunkulu wawupha.

⁷² UEliza wayeqalekise uJezebeli ngobuso bakhe obupendiweyo, futhi lendlela yakhe ayeyenze abantu benza. Futhi wayediniwe futhi ekhathele, futhi eselungiselele ukuya eKhaya. Wayesemdala sibili engasenelisi ukuchapha iJordani; uNkulunkulu wamupha indlela yokuchapha uJordani. Wayefuna ukwenyukela eZulwini, ukuhlanguka loNkulunkulu; uNkulunkulu wathumela inqola yomlilo phansi, lamabhiza, futhi wamenyukisa. Indlela kaNkulunkulu ephiweyo. Indlela

kaNkulunkulu ephiweyo. Uhlezi ekwenza khona kanye nje. Kuqondile. Yebo, mnumzana. UNkulunkulu uyapha indlela, izikhathi zonke. Yebo.

